UP-illay uhambele izikole ngenhloso yokuhlola ukuthi seyikhona yini inqubekelaphambili

THANDO MAZIBUKO

Njengalokhu kade izikole zivulelwa ikwata yesithathu, uNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi u-Ravi Pillay oyiLungu Lesishayamthetho Sesifundazwe, uye wenza njengoba isifundazwe simjubile waphindela ezikoleni ayezivakashele ngoMasingana ezingaphansi kukaMasipala wesiFunda i-Harry Gwala. Mhla zingama-25 namhla zingama-26 kuNtulikazi wezi-2017, ithimba lezikhulu eziphezulu loMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali, elikaMasipala Wesifunda i- Harry Gwala kanye nezikaMasipala Wendawo uMzimkhulu laphelezela uMnu Pillay ohambweni lwakhe lokuvakashela izikole.

Bavakashele izikole ezintathu, okuyiKwamvimbela, eBotlokoa Secondary School naseTshaka Junior Primary School. Inhloso yalokhu kuhanjelwa kwalezi zikole ngukuhlola ukusebenza kwazo nokubheka inqubekelaphambili ngokumaqondana nokufundiswa kwabafundi, ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kanye nokunye okuphathelene nokusebenza kwalezi zikole. Ngaphezu kwalokhu, inhloso yalolu hambo kwabe kungukuyoqinisekisa ukuthi izikole sezihambe zafika kuphi namalungiselelo okubhalwa kwezivivinyo zokuphela konyaka.

Enkulumweni yakhe, uMnu. Pillay uye watusa umsebenzi osewenziwe emva kokuba kade efike okokuqala. Okukodwa kwalokhu osekufezekisiwe okwamhlaba umxhwele ukuthi isikole sesithenge amathange amanzi (o-Jojo) okungufaka isandla ekuthuthukisweni kwengqalasizinda. Wenezezela ngokuba akhuthaze ukuba bazibambe ziqine futhi bazinikele ekuthuthukiseni imfundo.

"Ukubambisana kwabazali, othisha kanye nabafundi sekube nemiphumela encomekayo," kusho uMnu. Pillay ngokukhulu ukwesasa. Kubalulekile ukusho ukuthi abaphathi bezikole babe negalelo elibonakalayo ekuletheni izinguquko ezincomekayo kulesi sikole. Kulezi zikole zontathu lehle kakhulu izinga lokukhulelwa kwentsha kanye nokusetshenziswa kwezidakamizwa. Ngaphezu kwalokhu, nezinga lokuphasa liye lenyuka. Kona-ke zikhona ezingqinamba ezikhinyabeza inqubekelaphambili.

UNgqongqoshe Pillay kanye nethimba lakhe bazibophezela ukuthi bazozifakela izibuko lezi zingqinamba, ukuze kuqinisekiswe ukuthi ukufunda nokufundisa akunazo izihibe.Othishanhloko bazo zonke lezi zikole ebezivakashelwe balituse kakhulu iqhaza kanye nokungenelela okwenziwe uHulumeni wesifundazwe.

Kuyancomeka futhi ukubona uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi, ngobuholi bukaNgqongqoshe Pillay utshengisa ukuzinikela ekutheni izingane zithole ukwesekwa ekufundeni kwazo.

Uma kunezemfundo ezinohlonze ezesekwa ngeminye iminyango yesifundazwe akungabazeki ukuthi uhlelo lokuhlola ukusebenza kwezikole kuletha uzinzo ekwakhiweni kwesizwe esinekusasa eliqhakazile.